Isifundo 10

**29 Nhlaba – 4 Nhlangula*

Isivumelwano Esisha

ISABATHA NTAMBAMA

Kuleliviki Funda:
Jer. 31:31–34; Mat. 5:17–28; Hos. 2:18–20; Isa. 56:6, 7; Heb. 8:7, 8; Heb. 10:4; Mat. 27:51.

Indimana Yekhanda:
“ ‘Bheka, izinsuku ziyeza,” usho uJehova, “lapho ngiyakwenza isivumelwano esisha nendlu ka-Israyeli nendlu kaJuda’ ” *(Jeremiya 31:31, RSV)*.

UMfanekiso ohlekisayo kwiphephandaba eminyakeni eminingi edlule labonisa umphathi webhizinisi emi ngaphambi kwabanye abaphathi. Wayephethe ibhokisi lesihlambululi ezandleni zakhe, elibonisa laba ayemi phambi kwabo. Ngokuziqhenya wakhomba igama Okusha elalikhangiswe ngamagama amakhulu abomvu ebhokisini, lokhu kwakugudla ukuthi lomkhiqizo wawumusha. Umphathi wayesethi “Ngo-‘Musha’ osebhokisini elisha.” Ngamanye amazwi, konke okwakuguqukile, konke okwakukusha, kwakuyigama nje Okusha ebhokisini. Konke okunye kwakufana. Ngomqondo othile, singasho ukuthi isivumelwano esisha sinjalo. Isisekelo sesivumelwano, ithemba eliyisisekelo esinalo kuso, imibandela eyisisekelo, iyafana naleyo eyayitholakala kwisivumelwano esidala. Njalo bekulokhu kuyisivumelwano sikaNkulunkulu somusa nesihawu, isivumelwano esimi othandweni olwedlula konke ukusilela nokwehluleka kwesintu.

Ukubuka Iviki: Yikuphi ukuhambisana okukhona phakathi kwesivumelwano esidala nesisha na? Iyiphi indima edlalwa ngumthetho kwisivumelwano na? Zazenziwe nobani lezizivumelwano na? Ichaza ukuthini incwadi yamaHeberu “ngesivumelwano esingcono”na? (Heb. 8:6). Yibuphi Ubudlelwane obukhona phakathi kwesivumelwano kanye nendawo engcwele yasezulwini na?

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, Nhlangula 5.*

Bheka, Izinsuku Ziyeza . . .

Funda uJeremiya 31:31-34 bese uphendula Imibuzo elandelayo:

1. Ngubani osungula isivumelwano na?

---

2. Ngokabani umthetho okukhulunywa ngawo lapha na? Yimuphi lomthetho na?

---

3. Yiziphi izindimana ezigcizelela Ubudlelwane uNkulunkulu abufuna nabantu Bakhe na?

---

4. Yisiphi isenzo ngabantu Bakhe uNkulunkulu asenzayo esiyisisekelo saleso sivumelwano sobudlelwane na?

Kusobala: Isivumelwano esisha akuyona into eyehlukile kwisivumelwano esidala esenziwa noIsrayeli Entabeni yaseSinayi. Empeleni, inkinga nesivumelwano saseSinayi kwakungekona ukuthi sasisidala noma singasasebenzi. Kunalokho, inkinga, kwakungukuthi sasiphuliwe (Jer. 31:32). Izimpendulo zemibuzo engenhla, zonke ezitholakala kulezozindimana ezine, ziqinisa ukuthi Izinhlangothi eziningi "zesivumelwano esidala" zisala kwesisha. Ísivumelwano esisha," ngomqondo othile, "siyisivumelwano esivuselelwe." Kungukupheleliswa, noma ukugcwaliseka, kwesokuqala.

Gxila esigabeni sokugcina sikaJeremiya 31:34, lapho uJehovah ethi khona uyakuthethelela ububi kanye nesono Sabantu Bakhe. Nakuba uJehovah ethi uyakubhala umthetho ezinhliziyweni zethu futhi awufake ngaphakathi kithi, usagcizelela ukuthi uyakuthethelela isono nobubi bethu, okuphikisana nomthetho olotshwe ezinhliziyweni zethu. Kukhona Ukuphikisana noma ukulwisana okubona phakathi kwalemiqondo na? Uma kungekho, kungani na? Kuchaza ukuthini, njengalokhu abaseRoma 2:15 besho, ukuba nomthetho olotshwe ezinhliziyweni zethu na? (Matt. 5:17–28).

Ekubukeni izindimana zanamuhla, ubungazisebenzisa kanjani ukuphendula impikiswano yokuthi ngendlela ethile Imithetho Eyishumi (noma, ngokuqondile, iSabatha) selenziwe ize ngaphansi kwesivumelwano esisha na? Ngabe kukhona okuthile kulezozindimana okwenza leliphuzu na? Kunalokho, othile angazisebenzisa kanjani lezizindimana ukuqinisa ukuqhubeka komthetho na?

Umsebenzi Wenhliziyo

Ngesikhathi lapho umbuso waseningizimu wakwaJuda wawusuzophela futhi nabantu bathunjelwe Ebhabheli, uNkulunkulu wamemezela ngomprofethi Wakhe “isivumelwano esisha.” Lokhu kungokokuqala lomqondo uvezwa Ebhayibhelini. Nakuba kunjalo, ngenkathi umbuso wezizwe eziyishumu wakwaIsrayeli enyakatho wawusuzobhujiswa (eminyakeni engamashumi amahlanu ngephambi kwesikhathi sikaJeremiya), umqondo wesinye isivumelwano wethulwa futhi, ngalesosikhathi nguHoseya (Hos. 2:18–20).

Funda uHoseya 2:18-20. Qaphela ukuhambisana phakathi kwalokho uJehovah akusho lapha kubantu Bakhe nalokho akusho kuJeremiya 31:31-34. Yimuphi umfanekiso ojwayelekile osetshenziswe, futhi kuthini lokho ngencazelo kanye nesimo sesivumelwano na?

_____

Ngezikhathi emlandweni lapho izinhlelo zikaNkulunkulu ngabantu Bakhe besivumelwano zithikamezwa ngukuhlubuka kwabo kanye ngokungakholwa, wayethumela abaprofethi ukumemezela ukuthi umlando wesivumelwano nabantu Bakhe abathembekileyo sasingaphelile. Noma bengathembekile, nakuba behlubukile, bevukele, futhi bengalaleli phakathi kwabo, uJehovah wayelokhu ememezela ukufuna Kwakhe ukungena ebudlelwaneni besivumelwano nabo bonke ababevuma ukuphenduka, nokulalela, kanye nokubanga izithembiso Zakhe.

Buka izindimana ezilandelayo. Nakuba zingalisho ngembaba elesivumelwano esisha, Yiziphi izithako ezitholakala kuzo eziveza izimiso ezingemuva kwesivumelwano esisha na?

Ezek. 11:19 _____

Ezek. 18:31 _____

Ezek. 36:26 _____

UJehovah uyakuhlinzeka “ ‘inhliziyo yokukwazi ukuthi nginguJehovah’ ” (Jer. 24:7, RSV). Uyaku “ ‘khipha inhliziyo yetshe futhi abanikeze inhliziyo yenyama’ ” (Ezek. 11:19, RSV), futhi abanikeze “ ‘inhliziyo entsha’ ” no “ ‘moya omusha’ ” (Ezek. 36:26, RSV). Aphinde athi, “ ‘Ngiyakufaka uMoya Wani phakathi kini’ ” (Ezek. 36:27, NASB). Lomsebenzi kaNkulunkulu uyisisekelo sesivumelwano esisha.

Uma othile ubengeza kuwe athi, “Ngifuna inhliziyo entsha, ngifuna umthetho ulotshwe enhliziyweni yami, ngifuna inhliziyo yokwazi uJehovah—kodwa angazi ukuthi ngikufumana kanjani lokho,” ubungathini kulowomuntu na?

Izivumelwano Esidala Nesisha

“ ‘Nabezizwe abazihlanganisa noJehova ukumkhonza uJehova nokulithanda igama likaJehova ukuba babe yizinceku zakhe bonke abaligcina isabatha, bangaloni, nababambelela esivumelwaneni sami, yebo, nabo ngiyakubayisa entabeni yami engcwele, ngibathokozise endlini yami yokukhuleka; iminikelo yabo yokushiswa nemihlatshelo yabo iyakwamukeleka e-altare lami, ngokuba indlu yami iyakubizwa ngokuthi indlu yokukhuleka phakathi kwabantu bonke’ ” (Isa. 56:6, 7, RSV).

UJeremiya uthi isivumelwano esisha sizokwenziwa “ ‘nendlu yakwaIsrayeli’ ” (Jer. 31:33). Ngabe lokhu Kuchaza ukuthi yinzalo kaAbrahama kuphela, amaJuda ngegazi nangokuzalwa okumele bamukele izithembiso zesivumelwano na? Cha! Empeleni, lokho kwakungenjalo nasezikhathini zeTestamente Elidala. Ukuthi isizwe samaHeberu, ngokuphelele, sasinikezwe izithembiso zesivumelwano, nembala, kuyiqiniso. Kepha, kwakungenziwe lokho ngokukhiphela eceleni bonke abanye. Kunalokho, bonke, amaJuda nabeZizwe, babemenyelwe ukuba neqhaza ezithembisweni, kodwa kwakumele bavume ukungena kulesisivumelwano. Kusenjalo nanamuhla.

Funda izindimana ezingenhla kuIsaya. Yimiphi imibandela eziyibeka phezu kwalabo abafuna Ukukhonza uJehovah na? Ngabe ngempela ukhona umehluko kulokhu uNkulunkulu ayebacela kona nakucela kithina namuhla na? Chaza impendulo yakho.

Nakuba isivumelwano esisha sibizwe “ngesingcono” buka isifundo sangolweSithathu), empeleni awukho umehluko ezithakweni eziyisisekelo ezenza zombili izivumelwano Esidala Nesisha. NguNkulunkulu ofanayo, onikeza insindiso ngendlela efanayo, ngomusa (Exod. 34:6, Rom. 3:24); nguNkulunkulu ofanayo ofuna abantu okuyothi Ngokholo babange izithembiso Zakhe zentethelelo (Jer. 31:34, Heb. 8:12); nguNkulunkulu ofanayo ofuna ukuloba umthetho Wakhe ezinhliziyweni zalabo abazomlandela ngobudlelwane bokholo (Jer. 31:33, Heb. 8:10), umJuda noma oweZizwe. KwiTestamente Elisha, amaJuda, esabela ekuqokweni komusa, amukela uJesu Kristu kanye nevangeli Lakhe. Okwesikhathi babengumongo webandla, “insali ekhethwe ngomusa” (Rom. 11:5, RSV) ngokumelene nalabo “ababelukhuni” (Rom. 11:7, RSV). Kusenjalo, abeZizwe, ababengakholwa ekuqaleni, balamukela ivangeli futhi bangeniswa kubantu bakaNkulunkulu beqiniso, okwakungamakholwa, kungakhethe bala nasizwe sabo (Rom. 11:13–24). Ngalokho abeZizwe “ngaleso sikhathi naningenaye uKristu, naningaphandle kombuso ka-Israyeli, naningabafokazi ezivumelwaneni zesithembiso” (Eph. 2:12, RSV) basondezwa egazini likaKristu. UKristu umele “isivumelwano esisha” (Heb. 9:15, RSV) kuwo onke amakholwa, nakuba bengabasiphi isizwe nohlanga.

“Isivumelwano Esingcono” (Heb. 8:6)

Izolo sibonile ukuthi mayelana nezisekelo, isivumelwano Esidala Nesisha zazifana. Ekugcineni ngukusindiswa ngokholo kuNkulunkulu ozothethelela izono zethu,hhayi ngoba kukhona okuthile okufanelekile kithina kepha kuphela ngomusa Wakhe. Ngenxa yalokhukuthethelelwa, singena ebudlelwaneni kanye Naye lapho sizinikela Kuye Ngokholo nangokulalela. Nakuba kunjalo, incwadi yamaHeberu ithi isivumelwano esisha “yisivumelwano esingcono.” Sikuqonda kanjani ukuthi kusho ukuthini lokhu na? Esinye singcono kanjani kunesinye na?

Iphutha laba kuphi “ngokusilela” kwesivumelwano Esidala na? (Heb. 8:7, 8).

Inkinga ngesivumelwano esidala kwakungesona isivumelwano ngokwaso kepha ukwehluleka kwabantu ukusibamba Ngokholo (Heb. 4:2). Ubukhulu besisha kunesidala kulele ekutheni uJesu—kunokuba embulwe kuphela ngemihlatshelo yezilwane (njengakwesidala isivumelwano)—manje ubonakala eqinisweni lokufa Kwakhe kanye nasemsebenzini Wakhe njengompristi omkhulu. Ngamanye amazwi, insindiso enikezwa kwisivumelwano esidala iyefana naleyo enikezwa kwesisha. Kwesisha, nokho, isambulo esikhulu, nesiphelele sikaNkulunkulu wesivumelwano kanye nothando analo ngesintu esiwile kwembuliwe. Singcono ngokuthi konke okwabe kufundiswe ngemifanekiso nezimpawu kwiTestamente Elidala kuthole ukugcwaliseka kuJesu, ompilo Yakhe engenasono, ukufa Kwakhe, kanye nomsebenzi Wakhe wompristi omkhulu kwakufanekiswe ngendawo engcwele yasemhlabeni (Heb. 9:8–14). Manje, nokho, kunezimpawu, imifanekiso, kanye nezibonelo, sinoJesu ngoKwakhe, hhayi nje njengeWundlu elachitha igazi ngenxa yezono zethu (Heb. 9:12) kodwa omi njengoMpristi wethu Omkhulu emele thina (Heb. 7:25). Nakuba usindiso alunikezayo lusafana, lokhu kwembulwa okuphelele Kwakhe kanye nosindiso olutholakala Kuye, njengalokhu kwembulwe kwisivumelwano esisha, kusenza sibe sikhulu kunesidala.

Funda AmaHeberu 8:5 namaHeberu 10:1. Umbhali usebenzisani ukuchaza izinkonzo zendawo engcwele zesivumelwano esidala na? Ukusetshenziswa kwalelogama kusisiza kanjani ukuba siqonde ubukhulu besivumelwano esisha na?

Cabanga ngalokhu: Kungani ukwazi ngempilo, ukufa, nobupristi obukhulu bukaKristu esikhundleni sethu kusinikeza ukuqonda okungcono ngoNkulunkulu kunalokho othile ebengakuthola enkambisweni yendawo engcwele yasemhlabeni yemihlatshelo yezilwane na?

Umpristi Wesivumelwano Esisha

Incwadi yamaHeberu igcizelela kakhulu kuJesu njengoMpristi Omkhulu wethu endaweni engcwele yasezulwini. Empeleni, isichasiso esisobala kunazo zonke zesivumelwano esisha esitholakala kwiTestamente Elisha sivela encwadini yamaHeberu nesigcizelelo sayo ngoKristu enguMpristi Omkhulu. Ucilo akazishayanga endukwini lapha. Umsebenzi kaKristu ezulwini uxhumene kakhulu nezithembiso zesivumelwano esisha. Inkonzo yendawo engcwele yeTestamente Elidala kwakuyindlela ngayo okwakufundiswa amaqiniso esivumelwano esidala. Kwakugxile emihlatshelweni nasekunxuseleni. Izilwane zazibulawa, kuthi igazi lazo linxuselwa ngabapristi. Lokhu, nembala, kwakuyimifanekiso yosindiso olutholakala kuphela kuJesu. Lwalungekho usindiso olwalutholakala kuzo ngokwazo.

Funda AmaHeberu 10:4. Kungani lungekho usindiso olutholakala ekufeni kwalezizilwane na? Kungani ukufa kwesilwane kungenele ukuletha usisndiso na?

Yonke lemihlatshelo, kanye nokunxusela kwabapristi okwakuhambisana nako, kwathola ukugcwaliseka kuKrestu. UJesu waba nguMhlatshelo okuphezu kwegazi Lakhe isivumelwano esisha sisekelwe. Igazi likaJesu laqinisa isivumelwano esisha, lenza isivumelwano saseSinayi kanye nemihlatshelo yaso "sidala" noma ize. Umhlatshelo weqiniso wawusuwenziwe (Heb. 9:26). Ekufeni kukaKristu, saphela isidingo sokuba izilwane zibulawe. Indawo engcwele yasemhlabeni yayisiwufezile umsebenzi wayo.

Funda uMathewu 27:51, ositshela ngendlela iveyili endaweni engcwele yasemhlabeni eyadabuka ngayo ngenkathi uJesu efa. Lesosigameko sisisiza kanjani ekuqondeni isizathu sokuphelelwa kwendawo engcwele yasemhlabeni na?

Kuxhumene, nembala, nalemihlatshelo yezilwane kwakungumsebenzi wobupristi, labo baLevi ababenikela futhi benxusela imihlatshelo endaweni engcwele yasemhlabeni bemele abantu. Lapho kuphela imihlatshelo, ukudingeka kwabo kwaphela. Konke kwasekugcwalisekile kuJesu, okunguYena okhonza ngegazi Lakhe endaweni engcwele ezulwini (buka uHeb. 8:1-5). AmaHeberu agcizelela uKristu njengoMpristi Omkhulu ezulwini, engene ngokuchitha igazi Lakhe (Heb. 9:12), enxusela thina. Lokhu yisisekelo sethemba kanye nesithembiso esinaso esivumelwaneni esisha.

Kukwenza uzizwe Unjani, ukuqonda ukuthi, namanje, uJesu usebenzisa igazi Lakhe ezulwini emele wena na? Lingakanani iqholo kanye nesiqiniseko olithola kulokhu mayelana nosindiso lwakho na?

Umcabango Obanzi:

"Ekuthabatheni nabafundi Bakhe isinkwa newayini, uKristu wazinikela Yena kubo njengoMsindisi wabo. Wanikela kubo isivumelwano esisha, ngaso bonke abamukela Yena baba ngabantwana bakaNkulunkulu, kanye nezindlalifa kanye noKristu. Ngalesisivumelwano sonke isibusiso Izulu elalingasinikeza kulempilo kanye nempilo Ezayo kwakungesabo. Lesisivumelwano kwakumele siqiniswe ngegazi likaKristu. Futhi ukunikeza isidlo kwakungukugcina phambi kwabafundi umhlatshelo waphakade owenzelwe bona ngamunye njengengxenye yesintu sonke esiwileyo."—Ellen G. White, *The Desire of Ages*, p. 659. "Okuyikona okuhlabahlosile kulesisivumelwano sokuthula ngukunotha okukhulu komusa Othethelelayo kwisoni uma siphenduka futhi sishiya isono saso. UMoya oNgcwele uchaza ivangeli njengosindiso ngesihawu sikaNkulunkulu wethu. 'ngiyakuba nesihawu ngokungalungi kwabo," kumemezela uJehovah ngalabo abaphendukayo, ' nezono zabo angisayikuzikhumbula' (Heb. 8:12). Ngabe uNkulunkulu uyaguquka ekulungeni ngokubonisa isihawu kwisoni na? Cha; uNkulunkulu ngeke ajivaze umthetho Wakhe ngokuvumela ukuba weqiwe kungabi nakujeziswa. Ngaphansi kwesivumelwano esisha, ukulalela okuphelele kungumbandela wokuphila. Uma isoni siphenduka futhi sivuma izono zaso, siyothola Intethelelo. Ngomhlatshelo kaKrsitu esikhundleni sakhe, Intethelelo iyatholakala. UKristu uzifezile izimfuno zomthetho esikhundleni sazo zonke izoni eziphendukayo, zikholwa."—Ellen G. White, *God's Amazing Grace*, p. 138.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Yini inzuzo yokuba nomthetho olotshwe enhliziyweni kunokuba ulotshwe ezibhebheni zamatshe na? Yikuphi okulula ukukukhohlwa, umthetho olotshwe ematsheni noma umthetho olotshwe enhliziyweni na?

2. Kusukela ekuweni kwesintu, usindiso lutholaka ngoJesu, nakuba ukwembulwa kweqiniso kwakwehluka emlandweni. Ngabe izivumelwano azisebenzi ngendlela efanayo na?

3. Buka isiqephu sesibili sika-Ellen G. White esifundiwe sanamuhla. Uchaza ukuthini ngo "kulalela okuphelele" njengesidingo sobudlelwane besivumelwano na? Ngubani okunguYena kuphela owanikeza "ukulalela okuphelele" na? Lokho kulalela kuyiphendula kanjani imfuno yomthetho esikhundleni sethu na?

Isiqoqo: Isivumelwano esisha sikhulu, siphelele, futhi siyisambulo esingcono secebo loSindiso. Thina esithatha iqhaza kuso sikwenze ngokholo, ukholo oluzozibonakalisa ngokulalela umthetho olotshwe ezinhliziyweni zethu.